**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

## UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Bhala indaba ngesihloko esithi:

Siyanda Isibalo Sezingane Ezintshontshwayo. **[50]**

1.2 Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ukuhamba Ngebhanoyi Kungcono Kunokuhamba Ngezinye Izithuthi. **[50]**

1.3 Abantu abaningi banezinkinga zokusebenzisa izinto ezahlukene zobuchwepheshe ('technology'). Bhala indaba ngesihloko esithi:

Kufanele Yini Ukuthi Wonke Umuntu Abe Nolwazi Ngezobuchwepheshe? **[50]**

1.4 Bhala indaba ngesihloko esithi:


Mhla Ngibona Ubaba Okokuqala Empilweni Yami. **[50]**

1.5 Kunomuntu owakusiza ngenkathi ukhula waze wagcina uphumelele emfundweni nasemsebenzini. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ngiyabonga Ngosizo Lwakho. **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku*School Life Magazine*, 2014] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI EYA KUMHLELI**

Abantu bendawo yangakini bantshontsha izinja ngoba befuna ukwenza umqhudelwano/umncintiswano wokuthi zilwe. Bhala incwadi eya kuMhleli wephephandaba langakini uveze umbono wakho ngale nto eyenzekayo. **[30]**

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

Umfowenu ushone engozini yemoto, umndeni ucele ukuba ubhale umlando ozofundwa enkonzweni yakhe yokugcina. Bhala umlando ngomufi. **[30]**

2.3 **UMBIKO**

Benidlala ibhola lezinyawo, unompempe ukhiphe umdlali wenu ngekhadi elibomvu ('red card'). Abadlali bese befuna ukulwa. Uthishomkhulu ucele ukuba ubhale umbiko ('report') njengoba unguKaputeni weqembu lenu. **[30]**

2.4 **I-INTHAVYU**

Uyintatheli yomsakazo i-Radio Jabula. Kufike umculi odume umhlaba wonke ezindlini osakazela kuzo. Bhala i-inthavyu ephakathi kwakho nalo mculi. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **IFLAYA**

Uhlela umcimbi omkhulu wabafundi abaqede ukubhala izivivinyo zokuphela konyaka zebanga le-12. Ufuna bazozijabulisa. Bhala iflaya ozoyithumela kuzo zonke izikole ofisa zifike kulo mcimbi. **[20]**

3.2 **IDAYARI**

Umndeni wakho uhlela uhambo lokuyovakashela ugogo nomkhulu abahlala emaphandleni. Bhala idayari yezinsuku eziyisi-5 yezinto enizobe nizenza ngesikhathi nivakashile. **[20]**

3.3 **INKOMBANDLELA**

Bheka le nkombandlela elandelayo bese ubhala indlela ibhasi elizohamba ngayo lisuka eZitendeni Township lize lifike eThola High School ngokulandela imicibisholo. Bheka inkombandlela ekhasini elilandelayo.

